

**INKULUMO KANGOONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EST FAITH  
NGOLWESINE MHLAKA 06 JUNE 2013**

Mphathi wohlelo;  
INkosi yesizwe saKwaCele;  
IziMeya zemikhandlu uMzumbe noBuhlebezwe, uMnguni noMkhatshwa;  
Amakhansela wonke akhona;  
Abefundisi;  
Abemboni yokuthutha umphakathi;  
Ubuholi bonke obukhona ngezigaba ezahlukene;  
Imindeni ethintekile okuyiyona esihlangene ngayo lapha;  
Umphakathi wonke;  
Ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Sithatha leli thuba ukuba siqale ngokubonga kakhulu emindenini nezihlobo ngokusinika leli thuba njengomNyango, ikakhulukazi uHulumeni wonke waKwaZulu-Natali, ukuba sihlanganye kule nkonzo yesikhumbuzo sabafowethu nodadewethu abashisiye kabuhlungu ngempelasonto edlule.

Siyabonga nakomakhelwane nomphakathi wonke oshiye konke obuzokwenza ngalolu suku wathi mawuze uzozimazisa kule nkonzo sibhonge emswanini ndawonye sonke.

Siyazi ukuthi noma engekho amagama anele ukuqeda ubuhlungu obuzwiwa amalungu emindenini ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama uqobo, kodwa njengabantu siyakholwa ukuthi uma ethola ukwesekwa noma yingayiphi indlela uma esosizini lokho kuyawenza umehluko nasengqondweni yakhe.

Uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo siyaye sithande ukuchaza ukuthi lezi zinkonzo zesikhumbuzo nezomngcwabo esiba yingxenye yazo njengomNyango ziwuhlelo lukaHulumeni lokungenelela ngokusiza uma kudlule emhlabeni abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini eyodwa emgwaqeni. Lokhu sikwenza ngokuthi sixhumane nemindenini ethintekile ukuthola ukuthi hlobo luni losizo oludingekayo bese kuvunyelwana ngokuthi sibe nenkonzo yomngcwabo ehlanganye noma inkonzo yesikhumbuzo, evame ukuba ngolweSine njengoba silapha nje namhlanje.

Nalapha nje kuthe uma kuzwakala ngale nhlekelele nathi saphuthuma khona lapha ukuzokhuza umhlola sizizwele nangokwenzekile. Ngemuva kwalokho ithimba lomNyango wezokuThutha libe selihlanganisa amakhanda nomndenini, obe ususinikeza leli langa ukuba sihlanganye kule nkonzo.

Sifisa ukukucacisa kodwa ukuthi ukungenelela kukaHulumeni ngale ndlela akuchazi ukuthi siwuthatha kancane umonakalo owenziwa yizingozi ezibulala umuntu oyedwa noma ababili emgwaqeni.

Nesiqubulo sethu siyasho ukuthi ngisho nokufa komuntu oyedwa kufana nokufa kwabantu abaningi – phecelezi, *one death is one too many*.

Ezinkonzweni zalolu hlobo-ke siyaye sithande ukuxolisa emindenini nezihlobo zabasisihyile ngoba kuzona lezi zinkonzo siyaphoqeleka ukuthi ngaphandle kokubaduduza, kodwa siphinda sisebenzise lelo thuba ukukhuluma kabanzi ngodaba lokuphepha emgwaqeni.

Bafowethu nodadewethu enikhona lapha, lona ngunyaka ka-2013, kodwa kuHulumeni uma sibala siyaye sisebenzise unyaka wezimali osuka ku-Ephreli kuya kuMashi wonyaka olandelayo. Okusho ukuthi manje sisonyakeni ka-2013/2014.

Lo nyaka-ke ngowokugcina esikhathini esasibekelwe lo Hulumeni okhona njengamanje njengoba sazi ukuthi ngonyaka ozayo ka-2014 kunokhetho lukazwelonke nezifundazwe.

Lokhu okusibeka ekutheni lesi yisikhathi sokuba thina esikhethwe ukuba sibe sebuholini bukaHulumeni, kumele kesibheke ukuthi sesihambe kanjani kule minyaka edlule kusukela singenile ukuze abantu bakithi baqonde kahle ngempumelelo kanye nezinsalelo esibe nazo.

Manje-ke nami ngike nganethemba ekuqaleni konyaka ngenkathi ngibona ukwehla kwezingozi ezithatha abantu abaningi ngesikhathi esisodwa emigwaqeni yalesi fundazwe.

Lokho kwehla bekuvumelana nocwaningo lwethu olusanda kuveza ukuthi imikhankaso yethu isikwazile ukwenza umehluko ka-33.6% wokufa kwabantu emigwaqeni kusukela lo Hulumeni ungenile ngo-2009 kuze kube yilo nyaka ka-2013.

Kodwa namhlanje-ke ngaphambi kokuba ngize lapha ngike ngathatha isikhathi ngibheka udaba lwezingozi zomgwaqo, ngicabanga lezi zinkonzo esizihambelayo uma kwehle inhlekelele enjengalena.

Uyabona, ngenkathi ngingena kulo mNyango ngangazi ukuthi njengayo yonke iminyango kaHulumeni, nakhona kunezinsalelo okumele ngibhekane nazo njengoba phela vele umsebenzi wethu kulesi khathi ngukuvala igebe elavuleka ngesikhathi sakudala lapho abantu bakithi babencishwa amathuba entuthuko ngezindlela ezahlukene.

Kodwa engangingakwazi ngukuthi kusukela ngo-Agasti 2009 kuze kube namhlanje ngoJuni 2013, ngiyobe sengihambele izinkonzo zesikhumbuzo noma zomngcwabo ezingu-24 lapho okusuke kushone abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini yomngwaqo eyodwa.

Uma ushaya izibalo lokhu kufana nokuthi ngenyanga ngihambela izinkonzo ezimbili zalolu hlobo. Ngiyacabanga nje ukuthi ukungcwaba umuntu oyedwa njalo ngenyanga futhi engagulanga, kungaba yinkinga ngokwako, uma sesikhuluma ngabantu abasuka eshumini kuya phezulu-ke pho!

Njengoba silapha nje siphuma KwaXimba lapho besingcwaba khona amalungu omndeni owodwa okwavalwa ngehlala kuwona khona engozini yomngwaqo. Ngaphambi kwalokho besiKwaCeza singcwaba izingane zesikole ezingu-8 ezashona enhlekeleleni yebhasi. Sasiqale eMelmoth lapho okwakubhubhe khona izinsizwa ezisencane eziyisithupha. Konke lokhu kwenzeka ngo-Ephreli noMeyi nje kuphela.

Njengoba ngike ngakubalula ngaphambilini, lapha ngikhuluma ngezinguzi ezisuke zithathe imiphfumulo eminingi ngesikhathi esisodwa, kodwa nsuku zonke zikhona ezidlula nabantu ngamunye noma ngababili.

Konke lokho kwenzeka nje, bese sithe loku kwehla kwezinga lezingozi emigwaqeni yethu ngo-33.6% kuyinkomba yokuthi njengesifundazwe sizokwazi ukwehlisa ukufa kwabantu emigwaqeni ngo-50% ngonyaka ka-2020, njengokuyalela kwenhlangano yomhlaba eyaziwa nge-United Nations esibekela wona kusukela ngonyaka ka-2011 kuze kube unyaka ka 2020.

Okusiphatha kabi kakhulu ngukuthi akukho uHulumeni ongakwenzi ukulekelela abantu ukuba baphephe emigwaqeni kodwa kujike kube yibona abangabambisani noHulumeni – bashaye indiva yona le mithetho ebekelwe ukusiza bona.

Awubheke nje ngoba ezweni lonke akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomngwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emigwaqeni. Kodwa nginesiqiniseko sokuthi akekho la kithina sonke njengoba silapha ongamazi umuntu oshayela ngaphandle kwezincwadi. Loku kusho ukuthi lowo muntu akaqeqeshekile kahle.

Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho, ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ungashayeli uphuzile.

UHulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo.

Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe, ukugijima ngokweqile nokusika lapho kungaphephile khona.

Siyazi futhi ukuthi ngenxa yokwepfulwa kwemithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Asazike ukuthi uma abantu belekelelwa ngale ndlela kanti yini okumele ize yenziwe futhi yenziwe ngubani.

Manje-ke ukuza kwethu lapha sekusinike ithuba lokuba sithi nakuba selidume ledlula kula bafowethu nodadewethu esingabo lapha, kodwa inselelo isele nathi sonke esikhona lapha ukuba sizibuze ukuthi ngabe sifuna ukubuyisela emuva yonke lento esesizamile ukuyakha kule minyaka edlule?

Kodwa thina esizibuza kona njengoHulumeni ukuthi ngonjani umuntu othanda kube nguyena owandisa isibalo sabantu abashonela emgwaqeni? Kungani umuntu nomuntu engazibophezeli ukuthi ngeke abe nesandla ekukhuphukeni kwezibalo zabantu abafayo emgwaqeni?

Umuntu oshonelwe angeke mhlambe azwisise ukuthi kuthiwani uma kuthiwa izingozi zomgwaqo zidla leli lizwe imali engaphezulu kuka-R60 billion minyaka yonke ngoba yena usuke ehanjelwe umuntu omondlayo, omnakekelayo noma asabheke lukhulu kuyena kusasa.

Omunye uyazibuza ukuthi isuke yenzani yonke leyo mali?

Angithi phela kukhona imali enxephezela abantu ekhishwa u-Road Accident Fund (RAF), kubekhona okuthi ngokushiywa ngabantu ababondlayo abanye ngokukhubazeka ezingozini zomgwaqo bese kudingeka uHulumeni ababhekelele ngemali yesibonelelo.

Enye imali eningi iya kwabezimo eziphuthumayo, ama-ambulensi kokunye okuye kudingeke ngisho indiza enophephela emhlane ezophuthumisa umuntu esibhedlela, okuyinto ebiza kakhulu leyo.

Abezempilo bayasitshela ukuthi laphaya esibhedlela nje uma umuntu elaliswe egumbini esithi i-ICU, noma i-intensive care unit, lapho umuntu olimele kanzima noma ogula kakhulu esuke ethola khona ukunakekelwa okunzulu, ukuba lapho nje uma ulimele akubizi ngaphansi kuka-R1 000 ngosuku. Ngitsheleke uma ezohlala e-ICU mhlambe izinsuku ezilishumi bese eyadlula emhlabeni, kusho ukuthi yonke leyo mali isihambile.

Ngakho-ke sibona kumele sizicacise lezi zinto ukuze abantu babone ukuthi lubucayi kanjani udaba lokuphepha emgwaqeni. Yonke le mali esikhuluma ngayo ngabe yenza umehluko ezimpilweni zabantu ilethe intuthuko, ilekelele nakwezemfundo nokunye.

Bakwethu, sifisa ukusho nje lapha ukuthi nakuba siwuhlonipha umthetho wokuthi umuntu umsulwa aze alahlwe inkantolo ngecala, kodwa lusiphathe kabuhlungu udaba lokuthi umshayeli weloli abaleke endaweni yenhlekelele ashiye abantu beNkosi befa.

Siyabonga kodwa ukuthi amaphoyisa awenzile umsebenzi wawo wagcina etholakele, esithemba ukuthi nobulungiswa buzokwezeka njengoba kufanele.

Kodwa mhlambe kusazomele sibheke njengomNyango ukuthi akukho yini ukuxega kwesandla somthetho ekubhekweni kwezimoto nabashayeli basemapulazini. Ngisho ngoba nakuba kungavamile ukuphuma ezindabeni kodwa zikhona izigameko zokulimala kwabantu okwenzeka ngezithuthi zasemapulazini.

Kokunye ogandaganda abangakhanyi amalambu, kokunye kube yiwona amaloli othola ukuthi awaseviswa ngendlela ngoba kuthiwa awayi emadolobheni amakhulu.

Sengiphetha, mangisho ukuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal, njengabo bonke asebekhulumile sithatha leli thuba ukuba sithi dudu emndenini ngokushiywa yilaba:

1. Zama Nomfundo Sosibo (33)
2. Bongji Jaka (55)
3. Asavela Hlongwane (4)
4. Nontuthuko Memela (23)
5. Hloniphile Zincume (57)
6. Bazamile Xolo (38)
7. Nomali Mtshali (32)
8. Zamokuhle Mkhize (28)

Sithi imiphefumulo yabo sengathi ingalala ngoxolo.

Sifisela nalabo abasalashwa amanxeba okulimala ukuba balulame ngokushesha.

Njengoba ngike ngasho, siyazi ukuthi awekho amagama anele angavala isikhala esivuleke kunina ngoba siyazi ukuthi kumuntu uhanjelwe othandiweyo wakhe kufana nokuthi kuphuke ilunga lomzimba uqobo.

Masibonge nakubo bonke ababambe iqhaza ngezindlela ezahlukene ukuba kusizakale imindeni, sithi ningadinwa nangomuso. Nathi siphinde sizibongele njengoHulumeni ngethuba enisinikeze lona ukuba sihlangane la sizobhongela emswanini, sibone nokuthi ikuphi la singasizana khona kusukela kwenzeke inhlekelele kuze kube manje. Sithemba ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo thina esisekhona size sibone uKhisimusi neminye iminyaka elandelayo.

**Ngiyabonga.**